ASAEGâ\200\2242Z- 5 1T

7IVALTV S TZE IKHULUNYWE/

IMBONI YAKWA-CHEMICAL SERVICES LIMITED

INKULUMO YOKUVULA: NGUMNTWANA MANGOSUTHU G. BUTHELEZI
UNDUNANKULU WAKWAZULU
UMENGAMELI WENKATHA
NONGUSIHLALO WOBAMBISWANO LWABAMNYAMA
BASENINGIZIMU NE-AFRIKA

ISITHEBE 30 MEYI 1985

Mphathi Wohlelo, uMqondisi Ophetheyo wenkampani yakwa-AECI noSihlalo weMboni yakwa-Chemical Services Limited, uMnu. Smale noNksk. Smale, uMnu. Anthony Grant, iLungu lePhala= mende yaseNgilandi, uMhlonishwa uMnu. S. Davey, iNxusa likaHulumeni waseNgilandi eliseThekwini, aBahlonishwa oNgqonggoshe abakhona; uMnu. Francois, uMqondisi Ophetheyo wemboni yakwa-Chemical Services Limited noNksk. Francois; UMnu. A.P. Roth, uMphathi wemboni yakwaSithebe yakwa-Chemical Services; uMnu. A.V. Versnel, ophethe umsebenzi wokuthuthu= kiswa kwendawo yakwaSithebe; uMqondisi weNhlangano yaKwaZulu Yokwebolekisa Ngezimali uDokotela Spies nezinye izihambeli ezisemqoka ezikhona.

Namhlanje ngikhuluma njengomuntu oyuquqaba lwasemakhaya. Ngafunda ngempilo ngihamba ngezinyawo, ngingagqoke zicathulo, emageleni asendle. Ngakhulela emphakathini womdabu kude neziphithiphithi zasemadolobheni. Ngakhulela emzini weSilo esingumalume, iNkosi uSolomon kaDinuzulu, lapho amasiko abantu agcinwa khona ephila ngezinto ezenziwa zonke izinsuku nalapho amagugu okudabuka ephilwa khona ngezindlela zamasiko. Ngisenguye umuntu oyuquqaba lwasemakhaya namanje. Ngisakwazi kakhulu ukufudumala kwabantu bakithi, ngisaziqhenya ngamasiko engakhuliswa ngawo.

Ngikhuluma ngaleliphuzu ngoba kulamazwi ami ambalwa engizo= wabeka mamhlanje ngifuna ukubhekisa esidingweni sokuba osozimboni nezisebenzi bakugonde ukuthi kufanele kuhlangane

B G Y 4

4 male o i RS

B

imali yosozimboni nezikhwepha zezisebenzi kuliwe nobuphofu, nokuthi kufanele kuhlangane futhi ukuze bathuthukise izise= kelo zomnotho okusckeleke kuzo ikusasa lalelizwe. Uma sizophumelela ukwenza impilo ibenomvuzo oqugabeni lwabantu â\200\234Jdmwama, noma futhi sizophumelela ekudaleni umcebo odingwa yilelizwe kangaka ukuze 1ihlinzeke umphakathi walo ngemi= sebenzi edingekayo, kuzodingeka ukuba silikhuphule ijubane okusatshalaliswa ngalo amathuba emisebenzi ezweni lakithi.

Ngibenokuzighenya okukhulu nxa ngifunda ukuthi imboni yokugqala yalenkampani, nayo elapha kwaSithebe, yakhiwa ngo- 1977 ngezindiekc zezi-R3 100 000 ukuze ikhiqize imithi ethile yokuhlanza neyezimonyo. Ngaleyonkathi kwadingeka ukuba imbcni yakwa-Chemical Services ifundise abantu basemakhaya ukuba basebenzise imishini yokukhiqiza lemithi. Lemboni isisebenze ngezinga lekhono elilinganayo nalelo okusebenza ngalo izimboni zohlobo 1lwayo eJalimani naseHolland kusukela yakhiwa. Ngiyazighenya futhi ngokuzwa ukuthi uMnu. Peter Francois, uMqondisi Ophetheyo wakwa-Chemical Services wathi: "Kwathi nxa sesizixazululile izinkinga zethu zokuqala, safu= mana ukuthi nxa sihlola imibandela yokuqashelwa kwezinga lomsebenzi, izisebenzi ezikhona ngeshift nokunakekelwa kwendawo yokusebenza, safumana ukuthi izinga lethu lomkhiqizo liyalingana nalelo elitholakala ezindaweni zaseYurophu ezinamazinga aphezulu omkhiqgizo.

Yilolulwazi lwakwa- Chemical Services oseludonse lemali eyizigidi zamaRandi efakwe kulomsebenzi esiwubona lapha.

Imboni yakwa-Chemical Services isike yayinambitha impumelelo eqhamuka ekubambisaneni kwemisebenzi yezimboni nelaKwaZulu. Sebekufundile ukuthi kakuyona into ethiywa yikudalwa kwesi= dalwa esingumuntu ukudalwa kwamathuba emisebenzi, ngisho nasezingeni elijule kangakanani ezindaweni zasemakhaya KwaZulu. Tzithiyo okufanele kwedlulwe kuzo ngaphambi kokuba umsebenzi ulethwe kubantu ziyizithiyo zombusazwe nezithiyo ezidalwa yisidingo sokuthuthukisa isizindi esidingekayo somsebenzi.

fkuSaST s eees/3

o

kepha uthembela kakhulu ezintweni ezenziwa ngezandla. Into iyasebenza noma ingasebenzi ngakho nxa ngibheka ngapha nangapha kwami eNingizimu ne-Afrika nase-Afrika eseNingizimu, noma ngibheka ngale kwe-Afrika naseMhlabeni Osathuthukayo, ngibona ukuthi uhlelo lokuhweba ngenkululeko yilona oluno= mfutho wentuthuko ezedlula zonke ezinye izinhlelo zentuthuko

esezake zadalwa yisidalwa ezingumuntu.

Sekubenemizabalazo emininingi yokulwa nokucindezelwa ngabanis= kazi bamakoloni e-Afrika,ngakho ngisalokhu nginenkolelo

mina ekutheni ukunqoba kwezombusazwe okungasidaliyo isimo esilandela inkululeko lapho uquqaba luyodla khona izithelo

zokunqoba ngokuba kubenamazinga aphakemeyo empilo namathuba ckuthuthukisa isimo sabo sempilo, kuyikunqoba okuyigobongo

nje. Kuyinto esiyiqondayo ukuthi abantu abacindezelweyo bazabalaza belwa nabacindezeli babo ngesifiso esivuthayo sokuphatha amandla. Kuyinto esiyiqondayo ukuthi  baningi ababambelele emazwini ka-Kwame Nkrumah athi "Funa Â° kugala umbuso wombusazwe konke okunye kuyokwengezwa kuwe' Thina

sinethuba elibuhlungu lokuphila engosini yokugcina ebuswa

&
agabamhlophe ezwenikazi lase-Afrika. Sinamathuba omlando wase-Afrika namathuba okukwazi ukufunda izifundo ebuhlungwini

bokwedlulela esikhathini esisha j-Afrika esedlulela kuso.

Ngikholwa yikuthi zonke izizwe zikhululekile nokuthi yileso naleso sinelungelo lokuziklamela umgudu esiwuthandayo cqonde esikhathini esizayo. Kangibagxeki abafowethu nodadewethu ezindaweni ezifana naseMozambique nje nxa begoka ikusasa clisekeleke embusweni womphakathi futhi ngimfisela okuhle kodwa uMengameli Samora Machel nabanye abasekela imigomo yombuso osekeleke emphakathini embusazweni wezizwe zabo. Mhlawumbe ukuba ngisesimeni sabo ngabe nami negikhetha into efanayo nabo. Kangikho-ke esimeni sabo, ngakho engikuqokayÂ© xufanele ngikugokele phezu kwesimo esiyiso esingizungezileyo.

Izimo esibhekene nazo zilawula ukuthi kalikho ithemba lokus= nikeza noma ngubani izinga lempilo elihle ngokuba kuvele

kuthathwe....../5

Â£

kuthathwe ikhekhe elingumcebo waseNingizimu ne-Afrika lisikwe amavenge angalinganiselwa ezi-29 000 000 kunikezwe lowo nalowomuntu ivenge elilingana nelomunye. Amazinga amahle empilo ngeke afezwe ngokwabiwa kabusha komcebo okhona. Amazinga amahle empilo . 2yofezwa kuphela ngokudala omunye umcebo omkhulu nangokudala izimo lapho kunamathuba alinganayo okudala nokusizakala ngomcebo. Kimina lokhu kusho uhlelo lokuhweba ngenkululeko.

Ngikhuluma nezisebenzi njengomuntu wasemakhaya nxa ngithi kuyinto abayikweneta isizwe ukuhlanganyela emathubeni omse= benzi ngendlela yokuba yonke imisebenzi esungulwa phakathi kwethu ibe yimpumelelo. Izisebenzi zizotshenwa ukuthi labo abasebenzisa uhlelo lokuhweba ngenhlcso yenzuzo bazihlumisa ngezisebenzi; izisebenzi zizotshenwa ukuthi kufanele zibakhame zibakhamisise obasi bazo zibahlanzise konke ezinokubahlanzisa khona ngomnikelo omncane kakhulu. Kukhona ngisho nalabo abathi kufanele sivimbele ukuba kube= khona ezinye izimali zemisebenzi ezifakwa kulelizwe nokuba sivimbele ukwakhiwa kwezimboni liapha ukuze kujeziswe obasi bobandlululc. Batshenwa ukuba benze lokhu ngoba uhlelo lokuhweba ngenhlosc yenzuzo lukhohlakele. Njengomuntu wasemakhaya, njalc nje nxa ngibuza izisebenzi ukuthi ziyavumelana yini naloluhlobo lomcabango, kuye kubuye impendulo ethi Qha. Abantu abacindezelweyo abasesimeni esesabekayo sezomnotho kabafuni ukutshenwa ukuthi kufanele bashaye iPitoli ngeminjunju yobuhlungu obudalwa yindlala obukhungethe izisu zabo. Izisebenzi zaseNingizimu ne-Afrika zivumelana nami  ukuthi sifuna ezinye izimboni, sifuna enye imali sifuna neminye imisebenzi, zivumelana nami futhi ukuthi singamadoda ngokweneleyo ukuba sikwazi ukubhekana nezidingo zethu emnothweni ckhula ngejubane elikhulu.

Ngifisa ukusebenzisa lelithuba nginxuse uSir Anthony Grant ukuba asilekelele sibhekane nalababantu abanamaphupho abedusayo abangaphakathi nangaphandle kwePhalamende yase= Ngilandi. Wena, Mhlonishwa, ulapha phakathi kwethu namhlanje

ngakho.i. /6

s

ngakhc sifisa ukukutshena ukuthl siyasikhuthaza isililo esikhulu somhlaba ngobandlululo. Siyabazisa abantu base= Yurophu abalwenyanya uBandlululc kanpangoba bazizwa bephcqeka ukuba kubekhona abakwenzayo. Isicelo sethu kuwe, Mhlonishwa, nckho, ngesokuba usilekelele ukuba sicacise ukuthi ziyiphutha kangakanani izifiso nxa zedukile futhi zikhuthaza izenzo ezilimaza abantu abampcfu kunabcbonke apampofu kulelizwe kakhulu kunokuba zilimaza uHulumeni waseNingizimu ne-Afrika. Labo abakhankasela ukuhoxiswa kwezimali zakwa= manye amazwe kulelizwe kufanele bakuqonde ukuthi abantu sbaMnyama baseNingizimu ne-Afrika kabaluszkeli loluhlobo lokulwa nobandlululo. Ubandlululc ngeke lunqotshwe ngokus= shumayela ivangeli lokukhishwa kwezimali zakwamanye amazwe nangckuzama ukubhonya iPitoli ngenduku yokukhishwa kwezimali zakwamanye amazwe kulelizwe, lababantu abanezilckotho ezedukileyo into abaphumelela ukuyenza yikubhaxabula abantu abaMnyama baseNingizimu ne-Afrika okuyibona abangukudla kobandlululo.

Kunedlanzana lezisebenzi, nokho, eleduswa ngamagembu ombusazwe angenandaba nakancane nokuthi kwenzekani ezisebenzini. Ngiyabethemba abantu abaMnyama baseNingizimu ne-Afrika. Ngiyazethemba izisebenzi eziMnyama, futhi ngithi kalusekho uvalo lokuthi uhlelo lckuhweba ngenhloso yenzuzo lungase luphumelele ukuzihlumisa ngezisebenzi kulelizwe. Amandla ezisebenzi sekuyiw.wa alungisa ukuzihlumisa kohlelo lokuhweba ngenhloso yenzuzo, lokhc kuyinto izisebenzi nabaphathi okufanele bayithokozele kakhulu. Kakuzilekeleli izidingo zezisebenzi nezabaphathi ukusebenzela izidingo zesikhathi esifushane.

Ngokukhula kokubaluleka kwezisebenzi njengengxenye yokukhula kwemisebencsi yezimboni, namandla azo ayokhula. Yileso nalescosisebenzi esizabalazela ukukhuphula ikhono siyisisebenzi esaziswayo. Yileso nalesosisebenzi esisebenzisa ithuba lokuzithuthukisa emsebenzini siba yisisebenzi esizuza amandla amakhulu. Yilesc nalesosisebenzi esenza umnikelo obonakalayo

enzuzweni...../7

.

enzuzweni eyenziwa ngumsebenzi esisebenza kuwo, siyisis=
sebenzi esizuza amandla amakhulu. Nxa izisebenzi zenza
zonke lezizinto, kuyaphela ukuba zikwazi ukukhishwa
kalula kufakwe ezinye ngakho zaziswa kakhulu ubudlelwane
obuphakathi kwabaphathi nezisebenzi kufanele bunakekelwe
yibo abaphathi nezisebenzi ngobuhlakani.

Nakhu engikusho ezisebenzini njengomuntu oyuqugaba
lwasemakhaya, ngithi ngiyazi ukuthi kawekho amazulu asemhla=
beni. Umuntu akaphumi aye eqeleni ayoshwiba izingalo ibese
kwehla imanna ezulwini. Umuntu akavele ahambe nje aye
egeleni ayohlanyela imbewu emhlabathini engawulimanga.

Umuntu akawulimi umhlabathi engakawasusi ameva ahlabayo
namatshe akhandlayo nxa uwasusa. Umuntu wasemakhaya uyaphuma
aye eqeleni, akhumule ihembe asebenzele ikusasa. Izimboni
zifana namasimu. Akukhc lutho oluvunayo ungatshalanga.
Kasikho isimo sezulu 1lasemhlabeni, nezimboni zifana namasimu
ziyizindawo lapho kufanele sikhumule khona amahembe, nxa
kudingeka sikwejwe ngameva emizimbeni sizikhandlela umvuzo
Wangomuso .

Impilo kayinakho ukuthokomala,thina lapha eNingizimu ne-Afrika
kufanele siligonde ngokugcweleyo izinga okufanele sihlanganise
ngalc abaphathi neziscbenzi ukuze sidale ukubambisana okuyo=
kwazi ukuveza umcebo ongaphezulu kwalona esesiphumelele
ykuwudala esikhathini esedlule. Lantu abaMnyama baseNingi=
zimu ne-Afrika kufanele bakugonde ukuthi ingxenye
engaphezulu kwama-50 ekhulwini yabobonke abantu abaMnyama
baneminyaka eyi-15 nangaphansi ’ ycbudala. Ubandlululo
sclusishiye namagebe amakhulu esisele ngawo emuva ekuhlinzekweni
kwezindlu zokuhlala, imfundc, ezempilo nemisebenzi yezenhlas=

lakahle nezinye izidinge zempilo. Kunomphakathi omningi ongena

enkundleni yemisebenzi. Kuzodingeka izigidi zemisebenzi
kulelishumi leminyaka elizayo, ngakho ngaphandle kokuba
kubenokukhula okungamiyo komnotho, buzokhula ubuphofu kubantu
abaMnyama ngisho noma ngabe siphetha sinaluphi uhlobo 1lohlelo

lombusazwe...../8

lombusazwe. Umzabalazo wenkululeko uzcphumelela. Ubandlulo luzogedwa ezweni lakithi ngenxa yesiqalekiso oluyisc, ngakho kusemandleni ezisebenzi eziMnyama uwkuguqula ukunqoba -

lwabantu bakithi.

Thina lapha KwaZulu sinefa elinothileyo kanti futhi enye into esesiyifundile emlandweni wethu ngamasu namaghinga. Amabutho eNkosi uShaka anqoba ngcba wayesebenzisa iqhinga lckuhlasela kwamabutho ngesime sezimpondo. Nxa sizophumelela ukuhlasela ubandiululo nokudala umphakathi omusha

lapho kunamathuba alinganayo kubobonke abantu nalapho abantu bevuzwa khona ngokuthuthuka kwamazinga empilo, kuzodingeka

ukuba sidale iqhinga laKwaZulu lokuhlasela ngesimo sezimpondo. Olunye uphondo kufanele lube yuphondc lwesizwe lwezombusazwe olungena shi embusazweni wokuguquko oluyilo, kanti olunye kufanele kube yuphondc oluyizisebenzi olungena shi empilweni yezwe yezomnctho. Sizidinga zombili lezizimpondo. Yilowo nalowomuntu oyisisebenzi onikelayo ekudaleleni inkampani

yakhe inzuzo nosebenzela izidingo zezisebenzi ngaphandle kokubulala inyoni enya amasi, lowomuntu uyingxenye yomzabalazo wenkululeko.

Ngiyakwazi ukuzisho lezizinto ezisebenzini ngoba abaphathi bezimboni kulelizwe bayazi ukuthi kangiwaxubi amazwi mina ngimunaze ngezibopho zakaqashi. Bavazi ukuthi ngiyaluchitha uhlelo lokuhweba ngenhlosc yenzuzo oluzihlumisa ngabantu nokuthi ngimi nabantu ukuze ngisekele izisebenzi noma ngabe kukuphi laphc ziphikisa khona imikhuba yabaqashi engabonele= liyo nezidingo zamabhizinisi ezizihlumisa ngabantu,

Ukuphath- lapha eNingizimu ne-Afrika kakukhcna nje ukusetshe= nziswa kwemishini ngekhono, kanye nekhono ekusetshenzisweni kwezimali nezidingo zamabhizinisi. Ukuphatha eNingizimu ne-Afrika kusho ukuhlanganyela oguqukweni ngakho ngise= benzisa lelithuba ukusho kubaphathi bemisebenzi baseNingizimu ne-Afrika ukuthi ngisemukela kakhulu isinyathelo esisha

seUrban Foundation sokuba yikhala 1lohlelo lokudalwa kwezi=
nguquko kulelizwe ckuhloswe ngazo ukusebenzisa abahwebi
abazimeleyo ukuba babhekane nezindaba ezizohlanganisa
nezinjongo zombusazwe. Abaphathi besimanje abakhanyiselweyo
bayazazi izibopho zabo eNingizimu ne-Afrika, kepha
lololwazi lwabo kufanele luzwakaliswe ezenzweni ezibona=
kalayo futhi kufanele lwenziwe amandla asebenzela uguquko.
Izisebenzi yizona ebeziwubambe ngalapho usika ngakhona
ummese wokusetshenziswa yuhlelo lokuhweba ngenhloso yenzuzo
ukuze luzihlumise ngazo, ngakho uma lokhu engikusho ezises=
benzini namhlanje kuzobayiqiniso, kuzoba yiqiniso kuphela
nxa abaphathi kuzozonke izinhla zohwebo, izimboni nezimayini

bezchlangana babe ngumfutho ozodala uguquko.

Thina esikuHulumeni waKwaZulu naseNkatheni senza konke
okusemandleni ethu ukwenza jzimali ezifakwa KwaZulu ngendlela
ebonakalayo zibazuzele labo abazifakayo. Senza konke
okusemandleni ethu ukwenza yonke imali efakwayo ibenelise
labo abayifakayo njengoba yenelisa nezisebenzi zakithi.
Siyazinikela ekwenzeni lokho okudingekayo ngamandla esinawo.

- - â\200\224 -